
## IQINISO: kuseduze kakhulu ukufa kwakho.

Zonke izindawo emhlabeni zinamangcwaba afakazela iqiniso lokuthi impilo yakho isondele kakhulu ekupheleni. Ingabe uzilungiselele yini? Kuyokwenzekani kuwe emva kokufa




©2015 Richard Fulton

## EMVA KOKUFA

**KUNGENZEKA UKUTHI UKHOLELWA UKUTHI:**

- **Uzoya ezulwini noma esihogweni**
- ***Uzongena ezweni likamoya***
- ***Uzobuya njengesilwane noma omunye umuntu***
- ***Angeke nhlobo usaphila***

***NOMA***

- ***Kungenzeka ukuthi awazi ukuthi yikuphi omele ukukukholwa***

→

# IZWE ELILODWA – IZINKOLO EZININGI

Kuhlawumbiselwa ukuthi kunezinkolo eziyi- 4200 emhlabeni wonke. Izinkolo eziningi kakhulu lezo!

Inkolo ye- islam, inkolo ye Bahá'Í, inkolo ye- Buddhism, inkolo ye- Hinduism kanye nezinhlobo ezahlukene zenkolo yobuKhristu ngezinye zezibonelo.

Izinkolo eziyi-4200 – futhi zonke zifundisa okuhlukile ngokuthi sifike kanjani lapha, iyini injongo yethu, futhi yini ezokwenzeka emva kokufa.

Futhi njengoba zonke zifundisa okuhlukile …

**AZIKWAZI ZONKE UKUBA YIQINISO!** ⋯⋯>

# Ngakho-ke kuzo zonke lezi zinkolo…

**Izinkolelo zobuKhristu**

**Izinkolelo zemindeni**

**Inkolelo ye Bahá'í**

**Inkolelo ye Islam**

**I Buddhism**

**I Hinduism**




# Yikuphi okuyiqiniso?


**Ngenxa yokuthi uNkulunkulu weqiniso uyasithanda, Usinikeze izwi lakhe, ukuze ukwazi ukwazi ukuthi …**

1. Impilo yakho inencazelo yaphakade kanye nenjongo!
2. Unalo ithemba ngale kwethuna!
3. Uyathandwa ngumdali wakho!
4. Uzozilanda ngokwenzayo phambi koMdali wakho!

Lencwajana ikwenza ufunde kabanzi ngoNkulunkulu ngokubhalwe ezwini lakhe, ukuze ukwazi ukufeza injongo yakho kulomhlaba, unqobe ithuna, futhi wamukeleke kuNkulunkulu uma ufa. Ngikuncenga ukuthi uqhubeke nokufunda. Ukuphila kahle kwakho ingunaphakade kusengcupheni, kanti ingunaphakade isikhathi eside kakhulu ukuthi ungaphambuka ngaso.

## Unkulunkulu ukhulumile kubantu


Lelizwe ligcwele izinkolo ezakhiwe ngabantu futhi ezingavumelani. Ezakhelwe emibonweni nasekuqondeni kwabantu. Asikhulume iqiniso, iyodwa indlela esingazi ngayo iqiniso ngoNkulunkulu, ukuthi silizwe kuNkulunkulu uqobo. Yingakho kungamele sithembe imibono nokuqonda kwabantu kodwa sinawo umbhalo ophefumulelwe nguNkulunkulu esingathembela kuwo.



# UNkulunkulu ukhulumile kubantu

Ibhayibheli lamaJuda (eliphinde laziwe nge-Torah, Ithestamente elidala njll) yiyona ncwadi yokuqala eyazisho ukuthi ibhalwe nguNkulunkulu.

Zonke ezinye izincwadi "ezingcwele" zakhelwe ebhayibhelini lamaJuda.*




* Inkolo ye Hinduism kanye neNkolo ye Bahá'í ziyingxube yazo zonke ezinye izinkolo, ngakho-ke aziveli kuNkulunkulu kungakho zingafakwanga lapha.

# Incwadi eyodwa – izinkolo eziningi

| | |
|---|---|
| Kulencwadi eyodwa, ibhayibheli lamajuda, kuvele zonke izinkolo ezinkulu, ezikholelwa kuNkulunkulu oyedwa. (Inkolelo kuNkulunkulu oyedwa weqiniso, ozivezile kubantu) ➡ | ✓ Inkolo yobuKhristu<br>✓ Inkolo yobuJuda<br>✓ Inkolo yobuKhatholika<br>✓ Inkolo yama Muslim noma ye Islam<br>✓ Inkolo yobuMormon<br>✓ Inkolo yofakazi bakaJehova |

Inkinga yile, yize zonke lezi zinkolo zivele ngencwadi eyodwa, azifundisi into efanayo. Ngakho-ke singazi kanjani ukuthi iyona yiphi eyiqiniso? Singalazi iqiniso ngokwazi umyalezo wokuqala uNkulunkulu asinikeze wona ethestamentini elidala!

# Ukhiye ukuqonda ithestamente elidala

***Ukuqonda ithestamente elidala kuwukhiye ekwazini iqiniso ngoNkulunkulu, impilo, kanye nokufa.***



Asibukeni izinto eziyi - **8** ezibalulekile, elizifundisayo:

**OKOKUOALA:**

UNkulunkulu Ungunaphakade – UNkulunkulu akanaso isiqalo, futhi akanaso isiphetho. ***"…kusukela phakade kuze kube phakade wena Nkulunkulu ukhona."*** (Amahubo 90:2).

Unkulunkulu ungumoya —***"UNkulunkulu unguMoya…"*** (Johane 4:24).

Unkulunkulu Uphelele —***"Umuhle Wena futhi wenza okuhle"*** (Amahubo 119: 68).

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala…

Ekuqaleni uNkulunkulu wadala umhlaba, isibhakabhaka, umkhathi, kanye nakho konke okukhona. Ngenxa yokuthi uNkulunkulu uphelele, konke uNkulunkulu akwenzileyo kwakukuhle. UNkulunkulu wadala umuntu oyedwa (u- Adamu), okwakuzovela kuye bonke abantu abazozalwa. UNkulunkulu wamthanda kakhulu umuntu.



***"UNkulunkulu wabona konke akwenzileyo; bheka, kwakukuhle kakhulu"*** (uGenesise 1:31).

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala…

**OKWESITHATHU:** UNkulunkulu wadala umuntu ngomfanekiso wakhe(kaNkulunkulu).

***"UNkulunkulu wathi: "Masenze abantu ngomfanekiso wethu…"*** (uGenesise 1:26).

Qaphela ukuthi uNkulunkulu wathi, ***"Ma."*** UNkulunkulu unguNkulunkulu oyedwa obukho bakhe buyiziqu ezintathu: 1. UNkulunkulu uBaba, 2. UNkulunkulu iNdodana, kanye 3. NoNkulunkulu uMoya oNgcwele. UNkulunkulu akasibo oNkulunkulu abathathu; unguNkulunkulu oyedwa obukho bakhe buyiziqu ezintathu. UNkulunkulu uwubuthathu-munye (okuthathu kokukodwa).

***"uJehova uNkulunkulu wethu, uJehova, munye…"*** (Duteronomi 6:4b).

***"Mina nginguJehova, akakho omunye; ngaphandle kwami akakho uNkulunkulu…"*** (u- Isaya 45:5).

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala…

Ngenxa yokuthi uNkulunkulu unguMoya, nathi usinike umoya, ukuze sikwazi ukumazi nokumdumisa.

**"*UNkulunkulu unguMoya; abakhuleka kuye bafanele ukukhuleka ngomoya…"*** (NgokukaJohane 4:24).

UNkulunkulu wanikeza:

Izitshalo – umzimba (ukuze ziphile futhi zikhule)
Izilwane – umzimba kanye nomphefumulo (ulwazi ngazo)
Umuntu – umzimba, umphefumulo kanye nomoya (ulwazi ngoNkulunkulu)

**UNkulunkulu:** Iziqu ezintathu ezakha uNkulunkulu oyedwa. (uBaba, iNdodana, uMoya).
**UMuntu:** Izingxenye ezintathu ezakha umuntu oyedwa (uMzimba, umphefumulo, umoya).

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala…

**OKWESINE:** Ngobuwula, uAdamu wahlubuka umdali wakhe onothando, wakhetha ukwenza intando yakhe esikhundleni sekaNkulunkulu. Ngenxa yokuhlubuka (yesono) sika-Adamu, uNkulunkulu waqalekisa umhlabathi u-Adamu ayethathwe kuwo. Lokhu kwaletha ukufa ku-Adamu. ***"umhlabathi uqalekisiwe ngenxa yakho… ngokuba ungumhlabathi, uyakuphenduka umhlabathi"*** (uGenesise 3:17-19).

***"Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa, ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile…"*** (KwabaseRoma 5:12).


# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala…

**OKWESIHLANU:** UNkulunkulu muhle ngokuphelele (ungcwele), ngakho uyabala bonke abangafinyeleli emgomeni wakhe wobuhle nokuphelela. UNkulunkulu unikezele umthetho wakhe ukuze abantu bazi ukuthi yini okuhle nokubi. Phakathi kwezinye izinto umthetho kaNkulunkulu usifundise isidingo so:

1. Kungabeki enye into ngaphambi kukaNkulunkulu.
2. Kudumisa uNkulunkulu, yena yedwa.
3. Kuthanda nokukhonza uNkulunkulu nokungalideleli igama lakhe.
4. kwazisa uNkulunkulu njengomDali.
5. Kuthobela nokwazisa abazali uNkulunkulu asiphe bona.
6. Kungalimazi muntu nanoma yingayiphi indlela.
7. Kuzigcina ezonweni zocansi nokuthembeka koshade naye.
8. Kungantshontshi.
9. Kuhlale ukhuluma iqiniso.
10. Kubonga ngesinakho nokungafisi okwabanye.

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala …


**OKWESITHUPHA:** Uma uNkulunkulu esilinganisa esilinganisweni somthetho wakhe ophelele, ukuziphatha kwethu kuyahluleka ukufeza izidingo zemiyalelo yakhe.




**"ulinganisiwe esilinganisweni, ufunyenwe ulula"** (uDaniyeli 5:27).

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala …

**OKWESIKHOMBISA:** Bonke abonayo (bayahluleka ukugcina ngokuphelele umthetho kaNkulunkulu nokulinganisa (ukubhalansisa) isilinganiso) baliwa nguNkulunkulu futhi bahlulelwe nguNkulunkulu.




***"…umphefumulo owonayo uyakufa"*** (Hezekiya 18:4).

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala …

**OKWESISHIYAGALOMBILI:** Noma sonile, uNkulunkulu usasithanda, ngakho uthembisile ukwenza into emangalisayo: Uthembise ukuthi uzosithumelela umsindisi, oyakususa isono sethu, anqobe ukufa futhi asenze samukeleke kuNkulunkulu!


Likhuluma ngalomsindisi iThestamente Elidala laphrofetha lathi …

***"Uyakubuye asibekezelele, anyathele phansi ububi bethu: yebo, uyakuphonsa zonke izono zabo ekujuleni kolwandle"*** (UMika 7:19).

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala …

Ngonyaka ka-712 BC, iThestamente eliDala lathi loMsindisi onothando uzosisindisa ezonweni zethu, ngokuzithatha azithwale yena, athwale nesijeziso sezono zethu esikhundleni sethu.


***"uJehova wehlisela phezu kwayo ububi bethu sonke"*** (U-Isaya 53:6).




***"…umphefumulo owonayo uyakufa"*** (Hezekiya 18:4).

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala …

Yize loMsindisi omangalisayo ezofela izono zethu, Yena uqobo uyoba msulwa. UNkulunkulu wathi uMsindisi uyogcina umthetho wakhe ngokuphelele, kodwa athwale isijeziso sawo endaweni yethu.




***"…Noma ingenzanga indluzula kungekho nankohliso emlonyeni wayo. Nokho uJehova wathanda ukuyishaya ngezifo; Lapho wenza umphefumulo wayo ube ngumnikelo wecala… "*** (u-Isaya 53: 9-10).

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala …

Lungakafiki lolosuku olubalulekile, lapho izono zabantu ziyobekwa kuMsindisi obethenjiswe ukuthi uzakuza. UNkulunkulu wayala abantu bakhe ukuthi bazibeke ezilwaneni ezingenacala.



***"u-Aroni abeke izandla zakhe zombili enhloko yempongo ezwayo, avume phezu kwayo bonke ububi babantwana bakwa-Israyeli neziphambeko ezonweni zabo zonke, akubeke enhloko yempongo"*** (uLevitikusi 16:21).

## Ukuqondisisa Ithestamente Elidala …


Uma izono zabo sezibekiwe ezilwaneni ezingenacala (Isib. Imvu, imbuzi) zazehlulelwa ukwahlulelwa kokufa (zihlatshwe), zophe bese ziyafa endaweni yezoni.



***"Ngokuba umphefumulo womzimba usegazini; ngimnike lona e-altare ukwenzela imiphefumulo yenu ukubuyisana"*** (uLevitikusi 17:11).

## Ukuqondisisa Ithestamente Elidala …

UNkulunkulu wamukela ubumsulwa balezi zilwane njengesimbozo (inhlawulo) sezono zabantu abanecala. Ngenxa yale nhlawulo (isimbozo) uNkulunkulu useyakwazi ukubuka abantu abanecala abone ubumsulwa.




***"uyakwamukelwa ngenxa yawo, umenzele ukubuyisana"*** (uLevitikusi 1:4).

# Ukuqondisisa Ithestamente Elidala …

Imihlatshelo yezilwane yayisithombe senkokhelo eyayizokwenziwa nguNkulunkulu ngenxa yezono.

Okwesikhashana uNkulunkulu uvumile ukwamukela ukufa kwezilwane nobumsulwa bazo kuze kufike ukufa koMsindisi nobumsulwa bakhe, obuzoletha inkokhelo yeqiniso nenhlawulo yezono zethu.

**IZILWANE =** ISITHOMBE (Umfanekiso)

**<u>UMSINDISI</u> =** INKOKHELO (Okwangemplea)

***"Ngokuba akunakwenzeka ukuba igazi lezinkunzi nelezimbuzi lisuse izono"*** (KumaHeberu 10:4).

Kungabe ngubani loMsindisi esikhuluma ngaye?

Ngumuphi umuntu ongagcina umthetho kaNkulunkulu ngokuphelele?

Futhi ngubani ongasithanda kangaka, aze athwale izono zethu afe futhi endaweni yethu?

UNkulunkulu kuphela ongenza lokhu! Yebo uNkulunkul' iNdodana uzozalwa njengomuntu, ukuze akwazi ukuphila impilo engcwele endaweni yethu futhi afe njengesoni endaweni yethu!

***"Ngokuba sizalelwa umntwana, siphiwa indodana; umbuso uyakuba semahlombe akhe, negama lakhe liyakuthiwa uMluleki omangalisayo, uNkulunkulu onamandla, uYise ongunaphakade, iNkosi yokuthula"***
(u-Isaya 9:6).

## Ukuqondisisa Ithestamente Elidala …

Ekupheleni kweThestamente elidala (430 BC), uNkulunkulu watshela abantu bakhe ukuthi; ngaphambi kokufika kukaMsindisi othenjisiwe, uzoqale athumele isithunywa sakhe esizokwenza abantu balungele futhi balindele ukufika kwakhe.

***"Bhekani, ngiyathuma isithunywa sami; siyakulungisa indlela phambi kwami…"*** (Malachi 3:1).

Abantu babe sebelindele ukufika kukaMsindisi (kanye nokufika kwesithunywa sakhe).

………→

# WAFIKA-KE UMSINDISI!

Emva kweminyaka engamakhulu amane, intombi uMariya yakhulelwa uMsindisi ngesimangaliso. Ukuzalwa kwakhe kwamenyezelwa ezweni lonke kwaphinde kwabhalelwa thina eThestamentini eLisha.

***"Uzakuzala indodana, uyiqambe igama lokuthi uJesu, ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe ezonweni zabo"*** (NgokukaMathewu 1:21).

***"Ingelosi yathi kubo…nginibikela izindaba ezinhle zokuthokoza okukhulu, ukuthi nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu iNkosi emzini kaDavide"*** (NgokukLuka 2:10-11).

# Isithunywa Sikankulunkulu – Ujohane

uJohane uMbhabhadisi (isithunywa sikaNkulunkulu) wafika ngaphambi kokufika kukaJesu ezoxwayisa abantu ngokwahlulela kukaNkulunkulu obekuzakuza ngenxa yesono. Futhi ezotshela bonke ababefuna ukuthethelelwa nguNkulunkulu ukuthi uMsindisi usezofika.

UJohane wachazela abantu ukuthi imihlatshelo yezilwane okwakhulunywa ngayo eThestamentini eLidala ibiyisithombe so Msindisi. Yena njengewundlu lomhlatshelo, ozakuhlawulela isono.

***"Ngangomuso wabona uJesu eza kuye, wathi: "Bheka, iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe"*** (NgokukaJohane 1:29).

## Kungani Kunethestamente Elidala Ne Lisha?

IThestamente linikezela okuthile uma umuntu esefile. Yingakho uma senza ifa (iwili) sithi:

"Le yiwili (ifa) yami kanye neThestamente lokugcina."

ETHESTAMENTINI ELIDALA: Ukuthethelelwa bekwenziwa ngokufa kwezilwane. ***"…lokhu kuyigazi elenza ukubuyisana ngomphefumulo"*** (uLevitikusi 17:11).

ETHESTAMENTINI ELISHA: Ukuthethelelwa kukhokhelwe ngokuphelele ngokufa kuka Jesu. UJesu ukuchaze lokhu njenge ***"sivumelwano esisha egazini lami elithululelwa nina***" (NgokukaLuka 22:20).

## UJESU – LOWO ONGENE ENDAWENI YETHU

UJesu wazalwa njengalowo ongene endaweni yethu. Izimpilo zezilwane zazingeke zikwazi ukungena zime endaweni yabantu, kodwa uJesu njengo muntu, waphila ukuze agcine imiyalelo kaNkulunkulu ngokuphelele endaweni yethu.

IBhayibheli lithi, ***"…kepha olingiwe kukho konke njengathi, engenasono"*** (KumaHeberu 4:15).

UJESU WAKWENZA LOKHU…

Ukuze akwazi ukwamukela okuhle ngokuphila kwakhe!

# UJESU – LOWO ONGENE ENDAWENI YETHU

UJesu wafa njengalowo ongene esikhundleni sethu. Ukufa kwezilwane kwakungeke kukhokhele icala labantu, kodwa uJesu njengo muntu, wafa ukukhokhela icala lezono zethu endaweni yethu.

IBhayibheli lithi uNkulunkulu wasithanda kangangokuba, ***"siseyizoni, uKristu wasifela"*** (KwabaseRoma 5:8).

UJESU WENZA LOKHU…

Ukuze ukwazi ukuthola okuhle ngokufa kwakhe!

# UJESU – WALIWA FUTHI WALAHLWA

Yize abaningi bakholwa futhi bamamukela uJesu, iningi labantu lamala futhi lamlahla, lamlahlela ekufeni kwesiphambano samaRoma.


***“Waphuma ezithwalele isiphambano, waya endaweni ethiwa iNdawo Yekhanda, ethiwa ngesiHeberu iGolgotha: Bambethela khona”*** (NgokukaJohane 19:17-18).

Lokhu kwaliwa kukaJesu kwaku menyezelwe eThestamentini eLidala:

***“Yayideleliwe, yashiywa ngabantu…”*** (u-Isaya 53:3).

# UJESU – EBETHELWE ESIPHAMBANWENI

UNkulunkulu wayezosebenzisa ukufa kukaJesu esiphambanweni njengomhlatshelo wesono ayethembise ukuwuletha.





***"Ongasazanga isono wamenza isono ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwe sibe ngukulunga kukaNkulunkulu"***

(2 KwabaseKorinte 5: 21).

# UJESU – EBETHELWE ESIPHAMBANWENI

Isiphambano singumgogodla wensindiso, ngoba ukufa kukaJesu esiphambanweni yikona okulinganise (bhalanse) isilinganiso.





UNkulunkulu uBaba wathuma uNkulunkulu iNdodana ukuze ezophila impilo engcwele endaweni yethu futhi afe ngenxa yezono zethu esiphambanweni. Ngokulalela nangokufela izono zethu, uJesu wafeza zonke izidingo zomthetho kaNkulunkulu: Wathwala isijeziso sesono – wathobela yonke imiyalo kaNkulunkulu – ***"Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho… nomakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena"*** NgokukaLuka 10:27).

# UJESU – UKUMBELWA NOKUVUSWA

Emva kokufa kwakhe, uJesu wembelwa (njengabo bonke abantu). Kodwa ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, ukuze anqobe ukufa endaweni yethu futhi asinike ithemba ngale kwethuna!

**"Akekho lapha,**



***kodwa uvukil..."***

(NgokukaLuka 24:6)

***"...ngokuba icilongo liyakukhala, abafileyo bavuswe bengenakubola, thina siguqulwe"*** (1 KwabaseKorinte 15: 52).


# UJESU - UZOBUYA FUTHI

Luzofika usuku lapho uJesu ezobuya ezokwahlulela izwe, manje uNkulunkulu ubiza bonke abantu ukuthi bazilungiselele lokho kwahlulelwa, ngokuphendula izinhliziyo zabo ngakuNkulunkulu bese bamukela uJesu.


IBhayibheli lithi uNkulunkulu ***"…kodwa kalokhu usememezela kubantu ukuba bonke ezindaweni zonke baphenduke, njengokuba umisile usuku azakwahlulela ngalo izwe ngokulunga ngomuntu ammisele lokho, enika bonke ithemba ngokumvusa kwabafileyo"*** (Act 17: 30-31).

# IZINKOLO ZEZWE

Zonke izinkolo zezwe zinento eyodwa efanayo: Zonke zikufaka esikalini noma esilinganisweni:




Kodwa iVangeli (izindaba ezinhle) ukuthi: iSiphambano sesiyenzile indlela yokuthi samukeleke kuNkulunkulu ngenxa yokwenziwe yiNdodana yakhe – uJesu!



# INSINDISO EZA NGOJESU IMAHHALA

INsindiso ayifezela wena uJesu imahhala.

***"Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu"*** (KwabaseRoma 6:23).

Akunakwenzeka ukuthi usebenze ukuze uzuze isipho sikaNkulunkulu, kanjalo futhi akunakwenzeka ukuthi usebenze ukuze usigcine. ISiphambano singumsebenzi kaJesu, hhayi owakho.

***"Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu; akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo"*** (Kwabase-Efesu 2:8-9).

# UZOSAMUKELA YINI ISIPHO

UNkulunkulu unikele ngoJesu ukuze izono zakho zithethelelwe, bese ubudlelwano bakho noNkulunkulu bubuyela esimweni esihle.

Uzozikholwa yini lezi zindaba ezinhle bese wamukela uJesu namuhla njenge Nkosi noMsindisi wempilo yakho. Uzosibona yini isono sakho bese uyakholwa (wethembe) emsebenzini kaJesu awenzela wena esiphambanweni, ukuze wahlulelwe ngokwenziwe uJesu (iNdodana kaNkulunkulu)? IBhayibheli lithi…

***"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade"***

(NgokukaJohane 3:16).

## KUNGENZEKANI UMA NGIMALA (NGINGAMAMUKELI) UJESU?

Kulula kakhulu, uma wala uJesu, noNkulunkulu uzakukwala. Uzofela ezonweni zakho bese uchitha ingunaphakade yakho echibini lomlilo.

Lithi iBhayibheli, ngosuku lokwahlulela

***"INdodana yomuntu iyakuthuma izingelosi zayo, zibuthe, zikhiphe embusweni wayo konke okukhubekisayo nabenza okubi, zibaphonse eziko lomlilo; lapho kuyakuba khona ukukhala nokugedla amazinyo"*** (NgokukaMathewu 13:41-42).

## ISINQUMO SICACILE

Bonke abethemba kuJesu bayosindiswa ekwahluleleni kukaNkulunkulu okuphakade, okuzovezwa ngenxa yesono. Kodwa bonke abangathembi kuye njengoMsindisi wabo bayakulahlwa.

***"Okholwa yiyo kahlulelwa; ongakholwa usahlulelwe, lokhu engakholwanga egameni leNdodana ezelwe yodwa kaNkulunkulu…"*** (NgokukaJohane 3:18).

## SITHINI ISINQUMO SAKHO?

Njengamanje, izono zakho zikuhlukanisa noNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu uyakuthanda mhlobo wami. UJesu wanikela impilo yakhe ngenxa yakho. Noma izono zakho zinganingi okungangokuthi zingafinyelela ezulwini. UNkulunkulu umile nezandla ezivulekele kuwe, ulindele ukukuthethelela… ulindele ukukwamukela, uma wena ulindele ukwamukela iNdodana yakhe.

Uzomamukela yini manje?

***"Thina siyakuphunyuka kanjani uma sidebesela usindiso olungaka?"*** (KumaHeberu 2:3).

# SIFISA UKUKUSIZA!

Ususamukele yini isipho esibabazekayo sikaNkulunkulu? Uma usumamukele uJesu njengoMsindisi, noma unemibuzo. Singakuthokozela ukukhuluma nawe. Siyakuthanda ukuphendula imibuzo futhi sinezinsiza ezingakusiza ukhule ekukholweni kwakho okusha kuJesu Kristu.

Central Baptist Church—Phoenix
Durban
KwaZula-Natal
Tel: 0814210013
Email: KnowImSavedSA@gmail.com

Ingabe ungabaza ukusindiswa kwakho? www.knowimsaved.com

For more copies contact: KnowImSavedSA@gmail.com

Ukufunda lokhu kungakuthatha imizuzu engamashumi amathathu. Ingunaphakade liyokuthatha ingunaphakade. Ungakwazi yini ukuchitha imizuzu engamashumi amathathu ukuze wazi ukuthi uzolichitha kanjani ingunaphakade lakho?

***"Ngokuba kuyakumsizani umuntu ukuzuza izwe lonke, alahlekelwe ngukuphila kwakhe, na? Yingabe angakhiphani umuntu, kube yisihlengo sokuphila kwakhe, na?"*** NgokukaMarku 8:36.